**HILLCREST HIGH SCHOOL**
**UKUHLOLWA KWAMANQAMU(FINAL EXAMS)NOVEMBA 2013**
**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**
**IBANGA LESISHIYAGALOLUNYE(GRADE 9)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**ISIKHATHI: 2AMAHORA** **AMAMAKI :100**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula.
- Phendula imibuzo kanjengoba uyalelwe umbuzo ngamunye.
- Bhala ngolimi lwesiZulu oluhle.
- Bhala ngopelomagama olwamukelekile.
- Umsebenzi wakho mawuhlanzeke.

## ISIQEPHU A : ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

1.Fundisisa lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

Kwakuphithizela esikoleni iSenzakahle. Phela kwakuwusuku olukhulu lokuvalwa kwezikole. Kwakukhona abazali bezobona izingane zabo zithola imiklomelo (prizes) emikhakheni eyehlukene ezaziphumelele kuyona.

Kuyo yonke le njabulo eyayenzeka lapha esikoleni iSenzakahle, kunomfundi oyedwa owayelokhu ebizwe njalo, ezokwamukela imiklomelo ehlukile. Lowo kwakunguNomzamo Gazu. Wathola umklomelo wokuba ngumfundi oyinono ukubedlula bonke, nowokuba ngumfundi ovelele kwezemidlalo. Wabuye wathola nomklomelo wokuba ngumfundi onamamaki aphezulu ezifundweni ezinhlobonhlobo, kanye nomklomelo wokuba ngumfundi obedlula bonke emsebenzini wezandla.

Okwamjabulisa kakhulu uNomzamo ukuthi nomfowabo uMzamo, wayewutholile naye umklomelo kwezemidlalo. Wayeshaye amagoli amaningi kunabo bonke, waphinda waba ngumdlali wonyaka. Wonke umuntu owayekhona ehholo washaya izandla ngesikhathi eya phambili, emamatheka kancane. Kwaba khona umsindo omkhulu abangane bakhe bembongela bethi "Vuvuzela! Vuvuzela!"

Kwaphuma isikole belokhu bejabule oNomzamo benoMzamo izelamani zakwaGazu. Bahamba nje bayasindwa, izandla zigcwele imiklomelo abayithole kulo mcimbi owenziwa yonke iminyaka lapha eSenzakahle uma kuphela unyaka. Base bejahe ukufika ekhaya bakhombise ubaba wabo imiklomelo yabo.

Okubuhlungu nje ngukuthi uyise wayegula kakhulu. UNomzamo njengoba emdala yayimphethe kabi indaba yokugula kukababa wabo. Wayazi ukuthi ubaba wakhe angeke esabangcono ngoba wayephethwe yisifo sengculazi. Empeleni uGazu wayeke wambiza ngelinye ilanga uNomzamo wamxoxela ukuthi uphethwe yini. Umama wabo uMaMbhele yena wayeshone eminyakeni emibili edlule ngayo ingculazi. Kwedlula izinsukwana kade emtshelile, wagula kakhulu, kwagcina kumnqobile ukufa. ONomzamo kwafanele ukuba bayohlala eSOS, okuyindawo ehlala izingane ezingenabazali.

Kwavulwa izikole sebetholelwe isikole abazofunda kuso oNomzamo benoMzamo. Kwabonakala zisuka nje ukuthi uNomzamo noMzamo bazimisele. Esikoleni uNomzamo waqhubeka nokuthola amamaki amahle ebahlula ontanga yakhe. Okwamangalisa abaningi yikhono lakhe lokwenza imisebenzi ehlukahlukene yobuhlalu.

Wabona ukuthi baningi abantu abathenga kuye, wacabanga ukuziqalela ibhizinisi lakhe, wavulela nabanye ontanga amathuba okuthola imali. Wathintana nabantu abanolwazi lwamabhizinisi amancane bamsiza ngokuthi angaliphumelelisa kanjani iphupho lakhe. Kwedlula isikhashana laba semthethweni ibhizinisi lakhe walibiza ngokuthi: "Siyazenzela."

Wathuthuka waze wangenela umncintiswano omkhulu womhlaba wonke owawuzobanjelwa eThekwini. Lapha kwakuzokhangiswa ngezinto zesintu ezenziwa lapha eNingizimu Afrika. Emva kwalo mncintiswano wajabula kakhulu uNomzamo uma ezwa ukuthi uphume phambili emkhakheni wabantu abasha. Wonke umuntu washaya izandla ngenkathi esukuma. Kwaba ngububanibani amakhamera, abezindaba, abamaphephandaba nabethelevishini bemthatha izithombe. Nalapho sekufanele akhulume azibongele wavele wakhala enziwa yinjabulo, wehluleka nokukhuluma.

Ukuphumelela kwakhe lapha kwakuzomvulela amathuba amaningi. Umklomelo wakhe wawuhambisana nomfundaze wokuya eNgilandi inyanga yonke sekuvalwe izikole eyothuthukisa ulwazi lwamabhizinisi.

Kwacweba izinyembezi zenjabulo kuMzamo ngenkathi sebehleli endlini nodadewabo bekhuluma ngezinto ezenzeka ngalolo suku.
"Ngiziqhenya kakhulu ngawe ngane yakwethu," kusho uMzamo ebamba ithambo kudadewabo uNomzamo.
"Ngiyabonga Mntakababa. Yikho nje ukuthi angikukholwa lokhu uma ngicabanga inhlupheko esiphuma kuyona."

1.1. Ngubani umfundi owathola imiklomelo eminingi esikoleni saseSenzakahle? (1)
1.2. Yini eyayenziwa yilezi zingane zakwaGazu ngokufana futhi ziyenza kahle? (1)
1.3. Kungani umbhali ebiza uNomzamo noMzamo ngezelamani ? (2)
1.4. Ingabe kwakuqala yini ukwenziwa kwalo mcimbi kulesi sikole?Sekela impendulo yakho (2)
1.5. Khetha igama elifanele kulana onikezwe wona:
‘ukucweba izinyembezi’ kusho:( ukukhala uzwakale,ukugeleza kwezinyembezi, ukubonakala kwezinyembezi emehlweni.) (1)
1.6. Bhala izinto **ezimbili** ezajabulisa uNomzamo ngoNomzamo? (2)
1.7.Bhala igama eleqiwe kulo musho olandelayo osendabeni:
‘Wabuye wathola nomklomelo wokuba onomamaki aphezulu ezifundweni ezinhlobonhlobo’ (1)
1.8.Tomula isisho endabeni esisho ukuxhawula usibhale phansi. (2)
1.9.Ngokucabanga kwakho uGazu wayefanele yini ukuxoxela uNomzamo ngesifo esasimphethe? Sekela impendulo yakho. (2)
1.10. Yini eyenziwa uMzamo ekhombisa ukuthi wayemthanda udadewabo? (2)
1.11 Bhala izinto **ezimbili** eziyinhlupheko lezi zingane ezedlule kuzona. (2)
1.12 Tomula umusho endabeni okhombisa ukuthi ubaba walezi zingane sewashona bese uwubhala phansi. (2)
[20]

## ISIQEPHU B: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

2.Phinda ufunde indaba eku 1 ngenhla bese ubheka amabizo ezigaba ozinikiwe ,uwasebenzise emishweni yakho **engahambisani** nendaba.Umusho ungedluli emagameni **amahlanu.**

2.1. isigaba 4
2.2. isigaba 6
2.3. isigaba 3
2.4. isigaba 1a
2.5. isigaba 14

(10)

3.Bheka lezi zinhlobo zamabizo endabeni eku 1 bese ubhala phansi ibizo elilodwa uhlobo ngalunye.

3.1.ibizonto (1)
3.2.ibizoqho (1)

[2]

4. Buka isithombe bese wakha imisho yakho ehambelana nesithombe eveza lezi zingcezu zenkulumo.

Isibonelo:isiphawulo nesiqu –thathu

Abantu abathathu bami phambi kokudla.



4.1.isiphawulo nesiqu –ningi (1)
4.2.ongumnini (1)
4.3. isabizwana soqobo (1)
4.4.ibizo lesigaba sesi – 6 (1)

[4]

5. Yakha imisho yakho ngezenzo ozinikiwe ukuze kuvele ukuthi uyazazi ukuthi zisho ukuthini.

Isibonelo: isiqu sesenzo esinelunga elilodwa( -dla)

Ingane idla ukudla.

5.1. isiqu sesenzo esinamalunga amabili(-hluma) (2)

5.2. isiqu sesenzo esinamalunga amane( -hlambalaza) (2)

5.3. isiqu sesenzo esinelunga elilodwa (-zwa) (2)
[6]

6. Sebenzisa lezi zisho ezilandelayo emshweni ukuze kuvele ukuthi uyayazi incazelo yazo isibonelo:bamba ithambo
Uthishanhloko wangibamba ithambo ngokuphumelela kwami kahle.

6.1.thatha uhambo (2)
6.2.beka izandla (2)
[4]

7.Bhala igama elilodwa esikhundleni samagama amaningi abhalwe ngokugqamile.
Isibonelo:Selokhu azalwa **uyingane engaboni emehlweni.**
Selokhu azalwa **uyimpumputhe.**

7.1 UZanele **akanabo abazali.** (1)
7.2 **Umuntu wesifazane ozala ubaba** wami uMaChili. (1)
7.3. Bekufike **ingane kamalume** wami izolo. (1)
[3]

8. Sebenzisa la mabizo emishweni emibili lilinye ukuze kuvele izincazelo zalo ezingefani.

Isibonelo: abathakathi: Abathakathi baloya abantu ngemithi emibi.
Izinsini zomntwana omncane ziyaluma uma sekuqhuma abathakathi.

8.1. isonto (2)
8.2 ithanga (2)
8.3. ukhalo (2)
[6]

9.Abakwabani abathakazelwa kuthiwe:
Isibonelo: Ndabezitha.> abakwaZulu

9.1.Msholozi (1)
9.2.Nyambose (1)
9.3. Bhungane (1)
[3]

**ISIQEPHU C**
**NGIXOLELE MNTANAMI – K.E. HLONGWANE**

Khetha umbuzo **owodwa** kulena emibili emide ubhale ngawo kugcwale ikhasi **elilodwa.**

10.Bhala usho ukuthi laba balingiswa abalandelayo bavezwe bengabantu abanjani, uveze neqhaza abalibambile ukukhulisa indaba.Bhala ungedluli emigqeni eyisikhombisa umlingiswa ngamunye.

10.1 uDoli
10.2 uGiza
10.3. uThwathwa
10.4 uLingo

(20)

**NOMA**

11.Isaga esithi 'isalakutshelwa sibona ngomopho'siyiqiniso mayelana nalokhu okwenzeka emdlalweni othi 'Ngixolele mntanami'.Uyavuma noma uyaphika? Beka umbono wakho ubhekise kuGiza.
(20)

12 Funda lezi ziqeshana bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

DOLI: Lingo, nawe ake ukhulume njengomuntu owaziyo ukuthi ukhuluma nobani. Khuluma iqiniso lodwa ukuze le ndaba siyiphethe kahle. Okokuqala nje ngethembise ukuthi ngeke uphinde ufike lapha udakiwe futhi. Siyezwana Lingo?
LINGO: Ngeke ngifike ngidakiwe futhi. *(Eshaywa yintwabu.)* Kodwa uma kuba nenye futhi iphathi kangazi noma ngiyophumelela yini.
DOLI: Uqonde ukungitshela ukuthi uzimisele ukuqhubeka notshwala Lingo?
LINGO: Cha cha cha! Kangishongo njalo mina mama.
DOLI: Musa ukuphika into oyisho khona manje nje.
LINGO: Ngithe kangazi noma ngiyophumelela yini.
DOLI: Yini eyobanga ukuthi ungaphumeleli?
LINGO: Bagangile laphayana emaphathini. Bavele nje utshwala lobu babufake kunemenayithi. Nami bengithi ngiphuza unemenayithi kanti sengiphuza utshwala. *(Eshaywa yintwabi.)* Ngiyaxolisa.
DOLI: Cha, bagangile-ke laba bafana enidlala nabo.
LINGO: *(Eshaywa yintwabi.)* Eyi, abalungile. Bafuna sonke sibe yizidakwa njengabo. Sonke lesi sikhathi esedlule umuntu ubemane esinda ngeNkosi nje. *(Ahleke uDoli.)*
DOLI: Musa nje ukungakhela ihlaya elikhathele wena Lingo bo. Uyazi ukuthi wena uyisigangi esikhulu. Uyigagu lokukhuluma unjalo nje, kangazi ukuthi wafuza bani.
LINGO: Ngicela mama usize ungayithi vu kubaba le ndaba. Ngiyethemba ukuthi ngeke ngiphinde.
DOLI: Nakho-ke ebengilindele ukuthi ukusho, ukuthi ngeke uphinde ufike udakiwe. Ngoba nakhu uyaqala ukwenza le nto, ngizokuxolela. Kodwa uma nje uke waphinda, sengiyoze ngivuse naleli lanamuhla icala, sengiwethula kuyihlo.

12.1 Bahlobene kanjani laba abaphendulana kulesi siqephu? (1)
12.2 Ubani uyise kaLingo okukhul unywa ngaye lapha? (1)
12.3 Wayeyithole kanjani imali ahamba wayodakwa ngayo uLingo? (2)
12.4 Iyiphi enye imfihlo ngoLingo ayeyigodlile uDoli ngaphandle kwale yokuphuza kwanamuhla. (1)
12.5. Yaba namiphumela mini le mfihlo oyibhale ku 12.4 empilweni kaLingo? Bhala ngemisho emibili. (3)

[8]

13.

THWATHWA: Kuzwakala kusandida lokhu Doli.

DOLI: Uma nginawe, ikhanda lami lithi kalizule. Ngiye ngizwe igazi ligeleza ngesivinini emithanjeni yami. Into eyenzeka uma nginawe nje kuphela. Ngizwe nentokomalo ezingalweni zakho. Ngizibonele nami ngingengane ukuthi ngadalelwa wena, nawe udalelwe mina ngokunjalo.

THWATHWA: Amnandi lawo mazwi mntakwethu.

DOLI: Noma kunjalo Thwathwa, uGiza ngumyeni wami wasemthethweni. Kimina ufana ncamashi nomfowethu. Ngalokho -ke kangifisi nakancane ukumzwisa ubuhlungu. Akonanga lutho. Akanacala.

THWATHWA: Ngeke samephula inhliziyo Doli. Ngeke futhi saba yizikhubekiso kuyena. Sizomsiza ngento eyodwa nje kuphela ukuze angayazi yonke le nto yethu esizoyenza.

DOLI: Sizokwenza kanjani lokho Thwathwa? Kayikho into ngaphansi komthunzi welanga enamandla okuzithukusa ingatholakali. Mina ngokwami Thwathwa bengicela njengamanje nje sehlukane njengoba sake sahlukana nakuqala.

THWATHWA: Ngikushiye odakeni futhi?

DOLI: Ngamazwi ami lawo engiqale ngawo. Ngawo bengifuna ukuthola ingqondo yakho Thwathwa. Ngifuna ukubona ukuthi uma umendo wami ungahle wonakale ngenxa yakho, uyokwazi yini wena ukungimela njengendoda ungithathe ngibe ngumkakho.

THWATHWA: Utholeni-ke Doli?

DOLI: Sengibonile-ke manje ukuthi ungangimela, futhi ngeke kwaba ngumthwalo kuwe lokho. Njengoba nje kungakonakali lutho Thwathwa, ngicela ukuthi izintaba ezake zakugwinya uphindele kuzo zikusobozele futhi. Ngishiye mina nalo mboko, ngowami. Uyazi nawe ushilo, kayikho indlovu esindwa ngumboko wayo. Nami lo mboko ngeke ungesinde.

13.1Bakuphi oDoli noThwathwa njengoba bexoxa nje.?
13.2 Ludaka luni uThwathwa ayeke washiya kulo uDoli? (1)
13.3 Bamenza kanjani uGiza angazi ukuthi kwenzakalani? Xoxa ngemigqa emithathu. (1)
13.4. Bhala izizathu ezimbili eziqinile azibekayo zokuthi akanakumshiya uDoli nezingane zabo? (3)

(2)

[7]

14.Gcwalisa ngegama elilodwa lezi zikhala.

14.1. Igama likamzala kaGiza u…….

(1)

14.2. Isibongo sikathisha kaLingo wakwastandathi fo u…… (1)
14.3. Igama likaweta wasehhotela okwakudla kulo oDoli noThwathwa u……(1)
14.4.Umngani omkhulu kaGiza kwakungu…… (1)
14.5. Isibongo sikaThwathwa u……. (1)

(1)

[5]

15.Phendula ngokuthi YIQINISO noma YIPHUTHA

15.1.Umuzi kaGiza uselokishini eMlazi.
15.2. Umama kaDoli uMaMdletshe. (1)

(1)

[2]

**ISAMBA SESISONKE :100**